Isibonelelo	Inhloso	Ubani ongafaka isicelo?	Inani lesibonelelo	Isilinganiso sokwamkeleka (umkhawulo wemali engenayo nezimpahla onazo ukuhlola ukuthi kuyamukeleka yini ukuthi ukuthole isibonelelo)
Isibonelelo Sesondlo Somntwana	Isibonelelo semali kulabo abaswele bekhulisa izingane zabo noma njengabazali balezozingane eziswele.	Umzali noma umuntu okhulisa ingane noma izingane ezizalwe ngemuva komhla ka 31st kuZibandlela1993. Kufanele kube yizakhamuzi zaseNingizimu Afrika + Abahlali ngokukanomphela + Ababaleki abanezimphepha eziyizo (Sec 24)	R 410	Imali oyamkelayo: Ongashadile = R3 700 ngenyanga noma R45 600 ngonyaka; kwabashadile = R7 600 ngenyanga noma R91 000 ngonyaka; Akubalwa zimpahla onazo noma abanazo.
Isibonelelo Sokukhulisa Izingane Njengomzali	Isibonelelo semali kulabo abakhulisa izingane benjengabazali (kufuneka babe nomyalelo wenkantolo obagunyazayo)	Abazali abakhulisa izingane okungezona ezabo ezingakayihlanganisi iminyaka engu-18 (noma kuze kufike kwezineminyaka engu-21, uma lokho kunconywe usonhlalakahle); Kufanele kube yizakhamizi zaseNingizimu Afrika + abahlali ngokukanomphela + aBabaleki abanezimphepha eziyizo (Sec 24)	R 960	Akwenziwa silinganiso semali oyamkelayo noma izimpahla onazo.
Isibonelelo Sokunakekela Ongekwazi Ukuzisiza	Isibonelelo semali kulabo abanakekela ngokukanomphela izingane ezikhubazeke kanzima ngokomqondo noma ngokomzimba (kufuneka zihlolwe ngodokotela ukuqinisekisa isimo sazo sokukhubazeka).	Umzali noma umnakekeli noma umuntu onjengomzali ezinganeni ezinonyaka kuze kufike kwezineminyaka engu-18 (hhayi abantwana abancane kakhulu); Kufanele kube yizakhamizi zaseNingizimu Afrika + abahlali ngokukanomphela + Ababaleki abanezimphepha eziyizo (Sec 24)	R1 700	Imali oyamkelayo: Ongashadile = R16 500 noma R192 200 ngonyaka; kwabashadile = R32 000 ngenyanga noma R384 000 ngonyaka; akukho silinganiso esenziwayo kuzimpahla onazo.
Isibonelelo Sokukhubazeka	Isibonelelo semali kubantu abadala abangakwazi ukusebenza ngenxa yokukhubazeka ngokomqondo noma ngokomzimba.	Abantu abadala abaneminyaka engu-18 kuya eminyakeni engu 59, babe yizakhamizi zaseNingizimu Afrika ezingabantu asebebadala + abahlali ngokukanomphela + aBabaleki abanezimphepha eziyizo (Sec 24)	R1 700	Imali oyamkelayo: Ongashadile = R6 150 ngenyanga noma R73 800 ngonyaka kwabashadile = R12 300 ngenyanga noma R147 600 ngonyaka; isilinganiso sezimpahla onazo: Ongashadile = R1056 000; kwabashadile = R2,112 000.
Isibonelelo Sabadala	Isibonelelo semali kubantu asebebadala.	Abesifazane nabesilisa kumele babe neminyaka engu 60 nangaphezulu, babe yizakhamizi zaseNingizimu Afrika + abahlali ngokukanomphela nababaleki abanezimpepha eziyizo (Sec 24)	R1 700 (+ R20 if older than 75)	Imali oyamkelayo: Ongashadile = R6 150 ngenyanga noma R73 800 ngonyaka kwabashadile = R12 300 ngenyanga noma R147 600 ngonyaka; isilinganiso sezimpahla onazo: Ongashadile = R1056 000; kwabashadile = R2,112 000.
Isibonelelo Sosizo Somsizi	Isibonelelo semali kulabo bantu abadinga ukunakekelwa ngokuphelele ngomunye umuntu (kube ngabantu asebevele bethola iSibonelelo sabadala; iSibonelelo somakadebona kwezempi noma iSibonelelo Sokukhubazeka)	Abantu abadala abaneminyaka engu-18 noma asebebadala abayizakhamizi zaseNingizimu Afrika + abahlali ngokukanomphela + Ababaleki abanezimpepha eziyizo (Sec 24)	R410	Not means tested.
Isibonelelo somakadebona Kwezempi, njengokuhlaziya komnyango wezenhlalakehle	Isibonelelo semali kwabesilisa nabesifazane ababebambe enye yalezizimpi – iMpi Yokuqala yomhlaba, yesibili noma yaseKorea.	Abesifazane = 60 noma ngaphezulu Abesilisa = 60 noma ngaphezulu; Izakhamizi zaseNingizimu Afrika + abahlali ngokukanomphela	R1 700 (+R20)	Imali oyamkelayo: Ongashadile = R6 150 ngenyanga noma R73 800 ngonyaka kwabashadile = R12 300 ngenyanga noma R147 600 ngonyaka; isilinganiso sezimpahla onazo: Ongashadile = R1056 000; kwabashadile = R2, 112 000.

“Wonke umuntu unelungelo lokuthola isibonelelo, okubalwa nokubonelelwa kwezenhlalakahle, uma lowo muntu engakwazi ukuziphilisa yena kanye nalabo akabondlayo. Umbuso kufuneka uthathe izinyathelo zomthetho ezinohlonze kanye nezinye izinhlelo, ngokwemithombo okufinyelelekayo kuyo, ukuze ilungelo ngalinye kulawa lifezeke ngendlela eqhubekayo"

- Kucashunwe kwiSigaba 27 soMthethosisekelo wase Ningizimu Afrika.

ISIHLANGULO KWEZOMTHETHO: Yize kwenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ukuthi ulwazi olushicilelwe lapha lungolufanele, abenhlangano ka-Black Sash ngeke babekwe icala ngenxa yokulahlekelwa noma ukonakalelwa okungadaleka ngenxa yokwethembela kulolu lwazi noma ngenxa yokusebenzisa lolu lwazi. Okuqukethwe lapha akusona iseluleko sezomthetho. Ulwazi olukuleli khasi lugcine ukubuyekezwa Kumbasa **ka 2018.**

UMA UNEMIBUZO, IZIKHALO NOMA UKUBIKA NGENKOHLAKALO, SHAYELA LENOMBOLO ENGAKHOKHELWA YAKWA SOUTH AFRICAN SOCIAL SECURITY SERVICES (SASSA)

0800 60 10 11

Uma uhlangabezana nanoma iyiphi inkinga ekufakeni isicelo seSibonelelo, sicela uthintane namahhovisi akwaBlack Sash esifundazweni sangakini ukuze uthole iseluleko (paralegal) nokusizwa NGAPHANDLE KOKUKHOKHA

BLACK SASH HELPLINE

072-66 33 739

help@blacksash.org.za

YOU AND YOUR RIGHTS

(isiZulu)

Wena Nezibonelelo – kuMbasa 2017/18

BLACK SASH

MAKING HUMAN RIGHTS REAL